

Vuk'uzenzele

Produced by: Government Communication & Information System (GCIS)

English/isizulu

September 2021 Edition 1



How to apply for the R350 grant



More Matshediso

If you do not have an income and are between the ages of 18 and 60, you can apply for the Special Coronavirus Disease (COVID-19) Social Relief of Distress (SRD) Grant.

Government has reintroduced the SRD Grant of R350 per month to help qualifying applicants who have no financial support, to survive the continued hardships brought about by the COVID-19 pandemic.

The initial SRD Grant, which was discontinued on 30 April, had a positive impact on successful applicants' lives, says Social Development Minister Lindiwe Zulu.

GOVERNMENT REINTRODUCES THE SRD GRANT to assist citizens who are struggling financially during the COVID-19 pandemic.

Cont. page 2



To read Vuk'uzenzele download the GOVAPP on:



Search for SA Government on Google playstore or appstore

CONTACT US



Vuk'uzenzele



@VukuzenzeleNews

Website: www.gcis.gov.za

Email: vukuzenzele@gcis.gov.za

www.vukuzenzele.gov.za

Tel: (+27) 12 473 0353

Tshedimosetso House:

1035 cnr Frances Baard and Festival streets, Hatfield, Pretoria, 0083

FREE COPY NOT FOR SALE



Sakha umphakathi ongenakho ukuQhwagwa koMbuso

Ukulalelwa okuhleliwe kweKhomishana Yezomthetho Ephanya ngokuQhwagwa koMbuso kusanda kuphela, ngemuva kwezinsuku eziyi-1000 zokulalelwa kobufakazi bukafakazi wokuqala.

Ngesikhathi usihlalo weKhomishana, Iphini LeNhloko yamaJaji u-Raymond Zondo uthe kungaba nesidingo sabanye ofakazi abambalwa ukuze befakaze, umsebenzi weKhomishana awusasalelwe nsuku zingaki manje ukuthi uphohulwe.

Lokhu kuyingqophamlando ebeka obala izigigaba ezacekela phansi umbuso emlandweni wentando yethu yeningi labantu.

Ngaphambi kokuthi iJaji uZondo lethule lokho elikutholile kanye nezincomo kuMongameli, sonke singavuma ukuthi umsebenzi weKhomishana ube wusizo olukhulu kakhulu.

Esikhathini esingangeminyaka emithathu, sibuzwile ubufakazi obuchaza ngezinsolo zenkohlakalo ezenziwe nezizingeni eliphezulu kakhulu. Sizwile ngezenzo eziholele ekuntshontshweni kwezigidigidi zamarandi zemali kahulumeni. Sizwile ukuthi zingakanani izikhungo zikahulumeni kanye nezinkampani ezenganyelwe ngumbuso ezicekelwe phansi ngamabomu.

Lolu hlobo lokuvezwa obala, ubukhulu nokujula kokuqhwagwa kombuso akwenzekanga nje esithe, kepha kwasakazwa ezweni lonke jikelele. Ngoku-

vumela bonke abantu baseNingizimu Afrika ukuthi balandele inqubo yekhomishana, kusizile ukufaka ukuzethemba komphakathi entandweni yethu yeningi labantu ngendlela ekhuthaza ukuvuleleka kanye nokwenza izinto ngendlela esobala.

Leli lizwe kufanele libonge kubo bonke labo abebeyingxenywe yomsebenzi weKhomishana; ukusuka kulabo ababephenya, abenza ucwaningo kanye nabahlanganisa imiqingo yemininingwane; kofakazi abaningi abafakazile futhi bahlinzeka ngobufakazi; kwizintatheli ezisebenze ngokuzikhandla ukusibikela ngokwenzakalayo; abameli abasize ngokwethula ubufakazi.

Kufanele futhi sibonge kubantu ngabanye ngobuningi babo, abanye abangadalulwanga, izenzo zabo ezaholela ekusungulweni kweKhomishana kwasekuqaleni. Laba ngabantu abavundulula lezi zinsolo zobugebengu, bamelana nazo, abaphumela obala bakhuluma futhi benza imikhankaso -phambi komphakathi kanye nasesithe - ukuze kuzoqedwa nya ukuqhwagwa kombuso. Kuyabongeka kakhulu ukuthi kungenxa yabo sesikhuluma ngokuqhwagwa kombuso njengosekwedlule.

Ukuqhwagwa kombuso akuziphelanga nje ngokwakho. Kuqedwe yizenzo zokusebenzisana zabantu baseNingizimu Afrika kuyo yonke imikhakha yempilo, abasebenza ezindaweni ezahlukahlukene ukubuyisa amagugu entando yethu yeningi labantu yomthe-

thosisekelo. Futhi kukithi sonke ukuqinisekisa ukuthi le mikhuba ayiphindi yenzeke futhi.

Eminyakeni emithathu eyedlule, siye sathatha izinyathelo eziningana ezibalulekile ukulwisana nenkohlakalo kanye nokuqhwagwa kombuso. Besilokhu siqinisa ukwakha kabusha izinhlangano ezifana neNhlango Yabezokushushiswa Kuzwelonke (i-NPA), uPhiko Lwamaphoyisa aseNingizimu Afrika (i-SAPS), uMnyango Wokuqoqwa kweNtela eNingizimu Afrika (i-SARS) kanye nezinye. Kudingeke ukuthi sihlele izinhlanga ezintsha, njengeHhovisi Lokuphenya le-NPA ukushushisa inkohlakalo esezingeni eliphezulu kanye neSikhungo Esikhethekile Sokuphenya se-SIU ukubuyisa imali kahulumeni entshontshiwe. Sithuthukise umthamo wethu wamandla okulwisana nobugebengu ngokusungula inhlangano ebizwa nge-Fusion Centre, ehlanganisa ndawonye ama- ejensi ahlukahlukene okuqinisekisa ukuthotshelwa komthetho ukuze abelane ngolwazi futhi basebenzisane ekuphenyweni kanye nasekushushisweni kwamacala obugebengu.

Sishintshe ubuholi kumabhizinisi amaningi ahlukahlukene aphelele uhulumeni, futhi sesiqale inqubo yokubuyisela esimweni sezimali nokusebenza kahle. Sisebenza siya endleleni entsha yama-SOE egququzela ukusebenzela obala ngempumelelo, ukuphendula kanye nokusimama. Omningi walo msebenzi

uyaqhubeka nokwenzeka. Kusenezindawo lapho inqubekela-phambili ibihamba ngonyawo lonwabu kakhulu uma kuqhathaniswa nalokho obekulindlekile, futhi lezo zindawo manje sezithola ukunakwa.

Imiphumela etholakele kanye nezincomo zekhomishana zizoqinisa ngokungangabazisi le mizamo. Sibheke ukuthi ikhomishana ikhombe ubuthakathaka bohlelo-kusebenza okuyikho okuholele ekuqhwagweni kombuso. Lokhu kuzosinika amandla okuthi sithathe ezinye izinyathelo zokulungisa ukuthi lokhu kungenzeki esikhathini esizayo.

Ngesikhathi singasho ukuthi isikhathi sokuqhwagwa kombuso sesiphelile, kodwa asikayinqobi inkohlakalo. Ukukhwanisa kanye nenkohlakalo kusalokhu kusabalele futhi kugxile kakhulu kuyoyomibili imikhakha okahulumeni kanye nozimele.

Yize noma kungeke kube sezingeni lokuqhwagwa kombuso, lezi zenzo zobugebengu zithunaza izwe lethu kakhulu, zenze buthaka izikhungo zethu futhi zinciphisa abantu baseNingizimu Afrika izidingo-ngqangi eziningi.

Inkohlakalo ingukuziphatha okubi ngokwedlulele, kepha kungukonakala okukhulu uma yenziwa kubantu ngesikhathi sosizi. Lapha sikhuluma ngezenzo zenkohlakalo ezinyanyekayo ezenzeka ngonyaka owedlule zokuthengwa kwezimpahla nezinsizakalo

ezidingekayo empini yethu yokulwisana nobhubhane lwe-COVID-19.

Sisebenze ngokushesha ukunqanda lezi zenzo ezifana nenkohlakalo, ukukhomba labo abahlangene nayo kanye nokubathathela izinyathelo ezifanele. Lokhu kungubufakazi bokuzinikela kwethu ekukhuculeni inkohlakalo.

Siqinise imithethonqubo kaMgcinimafa, sakha isikhungo i-fusion centre futhi sanikeza uPhiko Olukhethekile Lwezokuphenya igunya elibanzi lokuphenya zonke izinsolo zenkohlakalo ezihlobene ne-COVID-19. Okokuqala ezweni, sishicilele ku-inthanethi imininingwane yazo zonke izivumelwano zokuthengwa kwezinsiza ze-COVID-19 kuzo zonke izinhlanga zikahulumeni.

Umonakalo owenzekile ezweni lakithi ngokuqhwagwa kombuso ujulile. Umthelela wawo uzobonakala kakhulu eminyakeni eminingi ezayo. Kodwa, ngokusebenza ngokubambisana, sesiqalile ukwenza izinto ngendlela eyiyo. Sesiqalile ukwakha kabusha kanye nokubuyisela esimeni.

Singalindela ukuthi imiphumela yeKhomishana kaZondo izoqinisa le mizamo ngokungelinganiswe nalutho. Izosinikeza ithuba lokuthatha isinqumo sokuqeda nya ukuqhwagwa kombuso.

Umsebenzi omkhulu usasele, futhi kusamele kubhekwane nezinsesele eziningi. Kodwa sisindleleni yokwakha umphakathi okhululekile ekuqhwagweni kombuso kanye nenkohlakalo. **U**

Siza ekunqandeni ukuzibulala kwabantu

Allison Cooper

Banengi abantu abashona ngenhlela yokuzibulala ukwedlula labo ababulawa yi-HIV, umalaleveva, umdlavuzwebe, impi kanye nokubulawa.

Ngokwezibalo zakamuva zeNhlangothi Yezempilo Emhlabeni (i-WHO), zizishengise ukuthi bangaphezulu kwezi-700 000 abantu abashona ngokuzibulala unyaka nonyaka – lokhu kungukushona koyedwa kwabayi-100 futhi oyedwa ngemizuzwana engama-40.

“Angeke sikwazi – futhi akumele – sikushaye indiva ukuzibulala,” kusho u-Dkt Tedros Adhanom Ghebreyesus, onguMqondisi-Jikelele we-WHO.

“Ukuzibulala koyedwa

kulusizi. Ukubhekana kwethu nokunqanda ukuzibulala kubaluleke kakhulu manje, emva kwezinyanga eziningi siphila nobhubhane lwegciwane lweSifo se-Corona, oluze nobungozi bokuzibulala – ukulahlekelwa yimisebenzi, ingcindezi yezimali kanye nokuhlala kwabantu ngabodwana – okusekhona kakhulu namanje,” kwengeza yena.

Usuku Lomhlaba Loku-nqanda Ukuzibulala

Usuku Lomhlaba Loku-nqanda Ukuzibulala lwabekwa ngokusemthethweni yiNhlangothi Yomhlaba Jikelele Yokunqanda Ukuzibulala mhla ziyi-10 kuMandulo 2003.

Izinhloso zayo kwakunqanda ukuzibulala kanye nendlela yokuziphatha engahlela ekuzibulaleni, isiza

ngokunciphisa umthelela wakho futhi ihlinzeka ngenkundla yezifundiswa, ochwepheshe bezempilo abelapha ngokwengqondo, abasebenzi bezimo ezibucayi, amavolontiya nabasinde ekuzibulaleni.

Ngokusho kweThimba laseNingizimu Afrika Lokukhathazeka kanye Nexhala (i-SADAG), zingama-23 izigameko zokuzibulala kanti futhi zingama-230 izigameko ezinzima zokuzama ukuzibulala eziqoshwa nsuku zonke eNingizimu Afrika.

“Ukuzibulala kusalokhu kuyisihloko esingumhlola ongamukelekile emphakathini wakithi – akekho namunye ofuna ukukhuluma ngakho; akekho owaziyo ukuthi kukhulunywa kanjani ngakho futhi abazali abafuni ukukhuluma ngakho kubantwana babo besabela ukuthi


kungahle ‘kutshale umqondo othile wokuzibulala’. Noma kunjalo, kuseyinkinga yangempela, futhi lokhu kubonakala ngezincingo ezandayo zansuku zonke esizitholayo,” kusho u-Cassey Chambers, onguMqondisi Wokusebenza kwe-SADAG.

“Uma bebaningi abantu abazi kahle ngokuzibulala futhi bazi ukuthi umtholela kanjani usizo umuntu onale nkinga ngaphambi kokuthi konakale izinto, singakwazi ukwehlisa izinga lokuzibulala,” kusho yena.

Izinkomba ezingabakhona zokuxwayisa ngokuzibulala zibandakanya:

- Ukukhuluma ngokuthi umuntu aqede ngempilo yakhe, ukufa noma ukuzibulala.
- Ukuba nesifiso esinamandla sokufa noma ukuzindla

ngokufa.

- Ukuphisana ngezinto eziyigugu kuwe.
- Izinkomba zokukhathazeka, njengokuba nemizwa eguquguquka ngezikhathi, ukulahlekelwa yithemba, ukuzihoxisa ezintweni eziningi, ukwehla kwezininga lokudla kanye nokungalali, futhi ulahlekelwa intshisekelo yemisebenzi ejwayelekile.
- Ukwenyusa izinga lokuphuza utshwala noma ukusetshenziswa kwezidakamizwa.
- Ukusikisela ngokungabibikho esikhathini esizayo noma ukuvalelisa.
- Ukushintsha ngokushesha kwendlela yokuziphatha.
- Ukwenza izinhlelo zokunakekela izinto ezingaphelanga. 

Uma wena noma wazi umuntu odinga usizo, shayela inombolo yezimo ezibucayi zokuzibulala ye-SADAG esebenza ubusuku nemini ethi: 0800 567 567.

Anyone **35 years and older** can register for their **FREE COVID-19** vaccination

Registering to get vaccinated is easy!



Send the word **REGISTER** to 060 012 3456 on Whatsapp
Internet access or data required

OR



Dial *134*832*IDNumber#
No ID Number? Just dial *134*832#
FREE on all South African Mobile Networks

OR



Search EVDS South Africa online or go to: <https://vaccine.enroll.health.gov.za>
Any device with Internet Access

OR



Register by calling 0800 029 999
Monday - Friday: 7am to 8pm
Saturday, Sunday and public holidays: 8am to 6pm
Toll free on all South African Mobile Networks

You will need the following information when registering:

- Your identification number (Passport, Asylum seeker number, RSA ID or refugee number)
- The location where you want to be vaccinated (home or work)
- If you are a member of a medical aid you will need your medical aid provider name and your medical aid number

You will receive an SMS with the details of your vaccination date and site after registering

Don't delay. Register today!

